**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMHLANGANWENI WENTSHA ESISONKE MHLAKA 03 JUNE 2008**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Umsebenzi wokwakha umphakathi ongcono uyehluka ngezizukulwane, isizukulwane ngasinye siqhutshwa yizidingo zesikhathi sazo. Isizukulwane esiphumelelayo ngesiqonda kahle izimo zenhlalo bese senza uhlelo lwaso ukuze sibambe iqhaza ekwenzeni ngcono isimo.

- Yingalesi sizathu-ke uMnyango wezokuThutha usungule izinhlelo ezibhekene ngqo nentsha yethu. Lezi zinhlelo zisinika indlela yokubona ukuthi siya kanjani phambili nokuthuthukisa intsha yakithi, ikakhulukazi eyayincishwe amathuba phambilini.

- Isikhungo sethu sobuchwepheshe i-Technology Transfer Centre ($T^2$) sinezinhlelo ezahlukene zokuqeqeshela amakhono. Kunabafundi asebengene kulezi zinhlelo abenza iminyaka emine kwi-Mechanical Engineering abanye benza unyaka owodwa kwi-Civil Engineering.

- Njengolunye lwezinhlelo ezinkulu okutshalwe kulona izimali, i-African Renaissance Road Upgrading Programme (ARRUP) ineqhaza elikhulu ekuthuthukiseni amakhono kubafundi ukuze kusabalaliswe ezobunjiniyela ezweni.

- Abafundi be-Civil Engineering abasemaTechnikon nasemaNyuvesi bathola amathuba okuqeqeshwa uma kwenziwa imisebenzi ye-ARRUP. Sihambela nezikole ngenhloso yokukhuthaza abafundi ukuthi bathathe imikhakha yobunjiniyela benze nezifundo zeScience neMathematics.

- Kweminye imizamo yokuheha izikole kwi-Civil Engineering, uMnyango wami uxhasa umncintiswano waminyaka yonke wokwakha ibhuloho ohlelwa i-Civil Engineering of South Africa (CESA) ezikoleni ezingaphansi kwesifunda saseMgungundlovu.

- Ikomidi lethu lemifundaze lisiza ngezimali kubafundi abenza izifundo zeTechnical neCivil Engineering ezikhungweni zemfundo ephakeme. Lezi zinhlelo zakhelwe ukunika amathuba nokuthuthukisa amakhono kubantu ababencishwe amathuba phambilini – ukuze bakwazi ukubamba iqhaza ekwakhiweni komnotho.

- Abafundi basemaTechnikon nasema-University bathola imifundaze kwenziwe isivumelwano sokuthi uma beqeda izifundo zabo bazosebenzela uMnyango isikhathi esilingana neminyaka abasizwe ngayo. Ngiyabanxusa abafundi ukuthi balisebenzise leli thuba bafake izicelo zosizo lwezimali.

- Mayelana nohlelo lukaZibambele, kunosonkontileka baZibambele abangaphezulu kuka- 7 500 abayintsha. Abanye balaba baphase iMaths neSience ku-Grade 12. UMnyango uzimisele ngokubasiza ukuthi bathole amakhono afanele. Intsha yakithi ibambe elikhulu futhi iqhaza emisebenzini ye-EPWP njengoSiyazenzela Waste Management nalapho kwakhiwa khona imigwaqo.

- Amakhulu abafundi sebehlomule ohlelweni lwe-Student Driver Education olugxile kubafundi baka-Grade 11 no-12. Inhloso yalolu hlelo ngukusiza abafundi ukuthi bathole izincwadi zokushayela besesesikoleni.

- Sengiphetha, njengabantu abasha kumele nikubeke emahlombe enu ukuthi nifinyelele lapho niphokophele khona. Kumele ningavumi ukudidiswa yizinto ezihlale ziheha abantu abasha.

- Okubaluleke kakhulu, izinselelo zokwakha kabusha nokuthuthukisa izwe lethu ngeke sibhekane nazo ngokuyikho ngaphandle kokuqonda kahle izimo lapho sihlala khona.

- Kumele siqonde ngokujulile isimo somhlaba, i-globalisation, nezinye izinselelo ezihambisana ne-globalisation ezithinta izwe lethu kanye nokuthuthukiswa kwezwekazi lethu i-Afrika.

**Ngiyabonga**